Indlela yokuqinisekisa

Iyini i-DebiCheck?

I-DebiCheck ikuvumela ukuba ulawule izivumelwano zokudonswa kwemali (debit orders) e-akhawunti yakho yasebhange, ikunikeze isiqinisekiso esisodwa esingena edivayisini yakho esivela ebhange lakho engakapheli amahora angama-48. I-DebiCheck iyinqubo ephephile echaza inani eliqondile kanye nosuku esizodonsa ngalo imali e-akhawuntini yakho yasebhange ukuze ukhokhele ipholisi yakho yomshwalense. Inqubo yokuqinisekisa izodingeka ngemva kokuxoxa nathi noma lapho kwenziwa ushintsho epholisini yakho.

Bheka ukulandelana kwezinyathelo zenqubo yasebhange lakho ngezansi:

	Ukuqinisekisa ku-App	Ukubhanga ku-inthanethi	Ukuqinisekisa ku-ATM
FNB	• Izivumelwano zokudonswa kwemali okumelwe zigunyazwe zizovezwa. • Bheka imininingwane eyisisekelo yomsebenzi we-DebiCheck bese uyamukela • Khetha okuthi 'Finish', ngemva kwalokho uzovunyelwa ukuba uqhubeke nezenzo ku-App.	• Kuzovela uhlu lwemisebenzi elindile ye-DebiCheck. • Yamukela bese ubheka imininingwane yemisebenzi ye-DebiCheck. • Uzocelwa ukuba uvule i-app yakho yasebhange bese ulandela imiyalelo.	• Khetha isivumelwano sokudonswa kwemali ofisa ukusigunyaza ohlwini oluveziwe. • Isifinyezo semininingwane yesivumelwano sokudonswa kwemali sizovezwa, ngemva kwalokho ungaqhubeka wamukele isivumelwano sokudonswa kwemali se-DebiCheck.
CAPITEC BANK	• Chofoza kuthebhu ethi 'Transact' elandelwa okuthi 'Debit orders'. • Qhubeka ukhethe ithebhu ethi 'DebiCheck' bese ugunyaza umsebenzi ofanele ohlwini lwemisebenzi elindile ye-DebiCheck.	• Yiya kokuthi 'My Pending DebiChecks'. • Khetha bese ugunyaza umsebenzi ofanele we-DebiCheck.	Akufaneleki
absa	• Khetha okuthi 'Debit Orders' kokuvela kumenyu. • Khetha futhi ugunyaze umsebenzi ofanele we-DebiCheck ohlwini lwemisebenzi elindile.	• Khetha ithebhu elithi 'Payments' bese uchofoza inketho ethi 'Authorisations' eveziwe. • Khetha umsebenzi we-DebiCheck ofuna ukuwenza. • Qinisekisa ukuthi imininingwane inembile bese uyagunyaza.	• Khetha okuthi 'Other Transactions' kokuvela esikrinini kuze kube yilapho ubona inketho ethi 'DebiCheck Debit Orders'. • Khetha umsebenzi we-DebiCheck ofuna ukuwenza ohlwini lokulindile. • Bheka imininingwane emsebenzini wesivumelwano sokudonswa kwemali bese uyagunyaza.
NEDBANK	• Khetha i-akhawunti okwenziwe ngayo isivumelwano sokudonswa kwemali. • Yiya kuthebhu ethi 'Debit Order' bese ukhetha ithebhu ethi 'Mandate' ukuze ubheke yonke imisebenzi ye-DebiCheck. • Khetha umsebenzi olindile we-DebiCheck ukuze uthathe isinyathelo futhi ugunyaze.	• Khetha i-akhawunti okwenziwe ngayo Isivumelwano Sokudonswa Kwemali. • Khetha okuthi 'Debit Orders' nomsebenzi we-DebiCheck ukuze ugunyaze. • Bheka imininingwane yomsebenzi bese uyagunyaza	• Khetha inkinobho ethi 'Debit Order Request' bese uyaqhubeka ukhethe inkinobho ethi 'Debit Order Authorisation'. • Khetha umsebenzi ofanelekayo we-DebiCheck, bheka imininingwane bese uyagunyaza.
Standard Bank	• Kuzovezwa umyalezo okutshela ukuthi unesivumelwano sokudonswa kwemali esilinde ukugunyazwa. • Landela ilinki yokuhlola, ubheke isicelo bese wamukela umsebenzi we-DebiCheck.	• Khetha okuthi 'Transact' esikrinini sakho sokuqala. • Khetha okuthi 'Debit orders' bese ukhetha okuthi 'DebiCheck'. • Bheka imininingwane yomsebenzi we-DebiCheck bese uyamukela.	• Khetha inketho ethi 'More Service' kuze kube yilapho ubona inketho ethi 'DebiCheck Confirm Mandate'. • Yamukela Imigomo Nemibandela. • Khetha umsebenzi ofanelekayo we-DebiCheck, bheka imininingwane bese uyagunyaza.
Ukuqinisekisa igatsha	Ungakwazi nokugunyaza imisebenzi ye-DebiCheck ngokuvakashela igatsha lakho eliseduzane ukuze uthole usizo.		

Isebenza kanjani i-DebiCheck?

I-DebiCheck ihlinzeka ngendlela ephephile nethembekile yokulawula isivumelwano sokudonswa kwemali, ivumele ukuthunyelwa kwesiqinisekiso edivayisini yakho ngaphambi kokucubungula futhi ikutshele ngezivumelwano ezitsha enkundleni esebenziseka kalula yasebhange.

Ingabe i-DebiCheck iphephile futhi ivikelekile?

Yebo, i-DebiCheck iyisixazululo esiphephe kakhulu esisebenzisa ukuqinisekisa nokukhiya ukuze kuqikelelwe ukuthi izinkokhelo zigunyaziwe nokuthi i-akhawunti ivikelekile.

Ngingayisebenzisa yini i-DebiCheck ukuze ngilawule izivumelwano zokudonswa kwemali kunoma iyiphi i-akhawunti yasebhange?

Yebo, izivumelwano zokudonswa kwemali zanoma iyiphi i-akhawunti yasebhange zilawulwa yi-DebiCheck eningini lamabhange amakhulu aseNingizimu Afrika.

Ingabe ngizokhokhiswa izindleko zokusebenzisa i-DebiCheck nomshwalense wami?

Cha, i-DebiCheck imahhala kithi, akukho zindleko.

Kuzodingeka ngisiqinisekise kangaki isivumelwano sami sokudonswa kwemali se-DebiCheck?

Kuzodingeka uqinisekise imininingwane yesivumelwano sakho sokudonswa kwemali ekuqaleni kwenkontileka kuphela. Nokho, uma imininingwane yesivumelwano sokudonswa kwemali noma inani lephrimyamu oliqinisekisile lishintsha, ibhange lakho lizokucela ukuba uqinisekise imininingwane emisha.

www.1life.co.za | 0860 10 53 40 | Clientèle Office Park | Cnr Rivonia & Alon Road | Morningside 2196

1Life Insurance is a licensed life insurer & FSP. Ts & Cs online. Copyright 2024 © 1Life Insurance Limited - All Rights Reserved